**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOMSHAYELI WONYAKA MHLAKA 17 AUGUST 2008.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Umncintiswano womshayeli wonyaka, iDriver of the Year, uhlose ukwehlisa izingozi nokufa kwabantu okubandakanya amaloli amakhulu namabhasi. Lokhu kwenziwa ngokufundisa abashayeli amakhono okushayela ukuze benze ngcono izinga lokusebenzisa umgwaqo.

- Umncintiswano onjengalona uyabasiza nosomabhizinisi ngokuthi abashayeli babo bathole uqeqesho olwengeziwe. Phela abashayeli abanamakhono yibona abazokwazi ukuphephisa izimpilo zabantu futhi kwehle nezindleko zokulungiswa kwezimoto.

- Kodwa ngithanda ukugcizelela ukuthi lo mncintiswano kudingeka ukwazi nokufundisa abashayeli ngezindlela zokuxhumana nabanye abantu nokubekezelelana emgwaqeni. Kumele siwuqede lo mqondo wokuthi abashayeli baseNingizimu Afrika abaziphathi kahle, kumele sikhombise ukuthi singabashayeli abahle abazikhathazayo ngokuphepha emgwaqeni.

- Ningakhohlwa futhi ukuthi into embi ngalezi zingozi ngukuthi zibulala abantu abanesandla emnothweni. Abantu abashayela izimoto nabahamba ngezithuthi zomphakathi basuke bengabasebenzi futhi kunabantu abathembele kubona. Enye into ngukuthi umthelela wokufa kwabantu ubonakala kubantu abasuke sebesele ngemuva.

- Ngiyazi futhi ukuthi abanye abantu sebethi bakhathele oCele abakhuluma kakhulu. Ngithanda ukugcizelela ukuthi njengoMnyango wezokuThutha sithweswe umthethosisekelo ukuba siqinisekise ukuthi abantu bakithi bathola uhlelo lwezokuthutha oluphephile noluthembekile esifundazweni.

- Singathula kanjani sibe siqhubeka nokubona amalungu emindeni alahlekelwa abathandiweyo babo noma kudingeke banakekele abasuke sebekhubazekile.

- NjengoNgqongqoshe wezokuThutha angikwazi ukuthula – kungumsebenzi wami ukuthi ngithi sekwanele! Uma ukufundisa ngokuphepha emgwaqeni kungaphumeleli kahle, kumele sifake isiswebhu.

- Maduze nje sizobaphuca ilungelo lokushayela labo abaqhubeka nokwephula imithetho yomgwaqo. Sizoyithatha ilayisensi yakho uma uqhubeka nokwephula umthetho ngaleyo ndlela sigweme ukuthi ugcine ubulale abantu emgwaqeni.

- Mangiphethe ngokubongela futhi ngihalalisele bonke ababambe iqhaza kulo mncintiswano. Kuyajabulisa futhi ukuthi lo mncintiswano unesigaba esikhethekile somshayeli webhasi wesifazane yize futhi ungabashiyi ngaphandle abesifazane ekuncintisaneni nabesilisa kwezinye izigaba.

- Nginxusa bonke abashayeli baKwaZulu-Natal ukuba baseseke njengohulumeni emizamweni yethu yokwehlisa izingozi zomgwaqo. Sengathi ningashayela kahle niphephe uma seniphindela emakhaya. Siphile siphilise nabanye.

**Ngiyabonga**